

Umqulu okhuthaza ukwazi kwezingane ukufunda nokubhala

Ukwazi ukufunda nokubhala kuyisisekelo semfundo kanye nohambo olunempumelelo olubheke empilweni yobudala emhlabeni wesimanjemanje. Lo mqulu okhuthaza ukwazi kwezingane ukufunda nokubhala umema abantu abadala eNingizimu Afrika yonkana ukuthi benze isiqiniseko sokuthi kuhlinzekwa zonke izingane zethu ngezimo ezivumela ukwazi ukufunda ukufunda okubhaliwe nokubhala ngempumelelo, ukuze zibe nohambo lokufunda ukufunda okubhaliwe nokubhala oluyimpumelelo.

1 Ukufundela ukuzithokozisa:

Zonke izingane kumele zithole ukujula nokufunda nokubhala, zikwenzela ukuzithokozisa nokuzenelisa ngolimi lwazo lwasekhaya kanye nangezilimi ezengeziwe kusukela zincane kuqhubelela phambili.



2 Izindaba: Zonke izingane kumele zithole njalo amathuba okulalela, ukufunda nawokuxoxa ngezindaba ezvela eNingizimu Afrika, e-Afrika kanye nasemhlabeni wonke.

3 Ukufunda ngomhlaba: Zonke izingane kumele zibe namathuba okusebenza ukufunda nokubhala nsuku zonke azozisiza ukuthi zijule nezimo zempilo ecatshangelwayo kanye neyangempela. La mathuba azisiza ukuthi zifunde ngazo luqobo kanye nabanye ngesikhathi zifunda ngendawo yazo eshinchayyo emhlabeni nokuthi zingaba negalelo kanjani kuyo.

4 Ugqozi: Izingane zayo yonke iminyaka zidinga abantu abazozifundela ngezindlela ezizozenza zibe nentshisekelo yokuthanda ukuzifundela. Amalungu omndeni ekhaya, othisha bazo emagunjini azo ukufunda kanye nabasizi emtatsheni wezincwadi wangakubo noma emtatsheni wezincwadi wasesikoleni kumele bazifundele njalo.


5 Abantu abayisibonele esihle: Abantu abadala kumele babe yizibonele zokufunda nokubhala ezinganeni. Izingane zidinga ukubona abantu abadala emakhaya nasesikoleni, kanye nasemiphakathini yazo abazebenzisa ukubhala nokufunda ukuze benze izinto zenzeke, ukuze bafunde nokuthi bazithokozise.



6 Ukufunda ukufunda okubhaliwe nokubhala: Zonke izingane ezisesikoleni zinelungelo lokufundiswa ukufunda nokubhala ngothisha abanamakhono nabazikhuthazayo, abakhulumo nazo ngolimi noma ngezilimi eziziqondayo, bazivulele ezindabeni kanye nokubhaliwe njengengxene yokufundisa kwabo.

7 Isikhathi nendawo: Izingane kumele zinikwe isikhathi esiningi nesanele njalo ukuze ziziphumuze futhi zifunde. Zidinga nendawo ethule lapho zingenzela khona lokhu.

8 Ukwazi ukufinyeleta ezinsizeni zokufunda: Izingane zidinga ukuthi zikwazi ukuthola kalula izinsiza ezahlukene zokufunda nokubhala endaweni ezikuyo. Zidinga ukufinyeleta ezindabeni eziningi ezahlukene – kanye nezinye izincwadi, akunandaba ukuthi ngabe lezi ezazo yini, noma zebolekwe ezikoleni nasemitatsheni yezincwadi eseduze kakhulu nalapho zihlala khona. Kumele futhi zihlale zizungezwe yindawo enemibhalo ngezilimi ezizaziyo neziziqondayo.



9 Izincwadi ezivusa usinga:

Izingane zinelungelo lokuthola izincwadi eziyikhwalithi ekahele ezibhalwe kahle, futhi ezinemidwebo emihle, izindaba ezivusa usinga futhi nolwazi olukwenza ujule nendaba. Izincwadi eziyikhwalithi ekahele zisemathubeni amanangi ukuthi "ziguqule" izingane zenze ukufunda kube umkhuba wempilo yazo yonke.

10 Ukuzikhethela izincwadi:

Izingane kumele zinikwe ithuba lokukhetha ukuthi zifuna ukufundani ngesinye isikhathi, bese ngezinye izikhathi zelulekwe abazali. Ukuzikhethela incwadi kusiza izingane ukuthi zithuthuke njengabafundi ngoba lokhu kuzisiza ukuthi zikwazi ukuzikhethela izincwadi ezizihlabu umxhwele.



11 Ukukhuthaza izingane:

Izingane zidinga ukuthi yonke imizamo yazo yokufunda nokubhala ijtashulelwé ngabantu abadala abasezimpilweni zazo, nokuthi zikhuthazwe ukuba ziqhubeku nokuthuthukisa ukusebenza kwazo ulimi olubhaliwe nolukhulunywayo. Ohambeni lwazo lokwazi ukufunda nokubhala, ngesinye isikhathi izingane zizokwenza amaphutha, kanti ngesinye isikhathi zenze okufanele. Lokhu, uma sekuhlanganiswa nokukhuthazwa, iyona ndlela sonke esifunda ngayo.

